



agriculture & rural development

Department:
Agriculture and Rural Development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Isolezwe, Page 13
13 August 2018

UMnyango wezoLimo usika elijikayo

MHLELI: Kwelakho eliwela umfula ugcwele maqeda kunanele amagquma kanye namathafa, singuMnyango wezoLimo sithi asisike alijikayo oshicilelweni lwakho lomhla ziyisithupha kwephezulu, encwadini ebhalwe umfundi wephephandaba lakho uMnuz Bongani Ngwane esihloko sithi “*Uhuqa ubuthongo ungqongqoshe wezoLimo*”.

Mhleli asiqale sibonge ukuthi umfo kaNgwane uyawulandela umsebenzi kahulumeni wesifundazwe. Nakuba siphoxekile ukuthi uyibambe emsileni uma ekhuluma ngoNgqongqoshe wezoLimo KwaZulu-Natal, uMnuz Themba Mthembu, uma ethi uyakhala ngoNgqongqoshe wezoLimo uMthembu ngokungasukumeli phezulu udaba lokuxhashazwa kwabantu emapulazini.

Mhleli ngicabanga ukuthi kubalulekile ukuthi sicacisele

umfo kaNgwane ngezinyathelo ezithathwe uNgqongqoshe uMthembu ukulwa nesihlava sokuhlukunyezwa kwabantu abahlala nabasebenza emapulazini. UNgqongqoshe uMthembu walusukumela ngezinyawo zombili udaba lokuxhashazwa kwabantu basepulazini iNormandien, ngaseNewcastle. Kwakuyisihlava esibi lapho umnikazi wepulazi laseNormandien wayexosha abahlali basemapulazini. UNgqongqoshe uMthembu wahambela kulona leli pulazi wahlangana nazo zonke izinhlaka ezithintekayo ukuxazulula lolu daba olwaphetha ngokuya eNkantolo yaseThekwini nalapho futhi uNgqongqoshe uMthembu ubehola khona ithimba loMnyango wezoMhlaba KwaZulu-Natali besebenza ngokukhulu ukuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi

abahlali nabasebenzi bepulazi iNormandien bayakuthola ubulungiswa.

UNgqongqoshe uMthembu, iPhini likaNgqongqoshe wezoMhlaba kuzwelonke, uMnuz Mcebisi Skhwatsha nePhini likaNgqongqoshe wezoHulumeni baseMakhaya uMnuz Andries Nel bahambela umphakathi waseRichmond onezinkinga zokuxhashazwa emapulazini. Nalapho kwakulalelwa izikhhalazo zomphakathi kwagcina kusungulwe ikomiti uNgqongqoshe uMthembu ayilungu lalo. Ngokubambisana kongqongqoshe basazophindela endaweni yaseRichmond bahambise umbiko wekomiti

Ngesikhathi kusanda kudlula emhlabeni uMothiswa Ngubane epulazini laseCramond, nalapho uNgqongqoshe uMthembu wahola phambili ithimba likahulumeni wesifundazwe

ngokusebenzisana namaphoyisa. Lokhu kwaholela ekutheni kugcine kuboshwe umnikazi wepulazi ngokubulala uNgubane.

Ngakho siyakweshwama okushiwo uNgwane kokuthi uNgqongqoshe akasukumeli phezulu ngodaba lokuxhashazwa kwabantu emapulazini.

Mhleli ngithanda ukucacisele umfo kaNgwane nabanye okungenzeka ukuthi abanalo ulwazi lokusebenza kukahulumeni, izindaba ezithinta ukusingathwa komhlaba zingaphansi koMnyango wokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya noKwabiwa koMhlaba. Kanti ezokuhlukunyezwa kwabasebenzi basemapulazini zisingathwa ngeso lokhozi uMnyango wezaBasebenzi.

Sinezinsolo ezinqala zokuthi lolu daba lusondelene kakhulu nezombusazwe. Siyazi ukuthi

umbhali ozibize ngoNgwane ungumuntu owakhiwe ukuze kugcoliswe igama likaNgqongqoshe uMthembu njengoba elwa nenkohlakalo eMnyangweni wezoLimo. Lo mnyango unabasebenzi abaningi abangosopolitiki, ababuye bakhohlwe ukuthi bangabasebenzi bakahulumeni.

UNgqongqoshe uMthembu njengomholi weSACP KwaZulu-Natal ulawulwa imigomo ephatheleni nokungahlukunyezwa kwamalungelo abantu nabasebenzi, ngakho-ke akasoze abalahla abasebenzi ikakhulukazi basemapulazini.

UNkk Phathisa Mfuyo okhulumela uNgqongqoshe wezoLimo noThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natal.